# IMIBUZO EJWAYELEKILE UKUBUZWA

**P** **YIZIPHI IZINHLO BO ZOKUGEMBU LA EZISEMTHETHWENI ENINGIZIMU AFRIKA**

**K** Ama casino agunyaziwe (Lapho uthola khona imishini ewu ngqo Kanye namatafula okudlalela hhayi kumakhompuyutha), o 'bingo' (amahholo akwa 'bingo' Kanye nemishini yakwa 'bingo'), ukubheja Kanye nebhukumaki phecelezi I book marking, imishini yokukhokha elinganiselwe (lokhu kutholakala ngokujwayelekile ezindaweni zokucisha ukoma, ezindaweni zokudlela, njalo njalo). Uvumelekile ukugembula ngaphansi kwabaqhubi abagunyaziwe/ abanelayisensi egunyazayo

**P** **NGIZOKWAZI KANJANI UKUTHI UMQHUBI USEMTHETHWENI NA?**

**K** Wonke umqhubi osemthethweni ulindeleke/kufuneka abeke ilayisensi yakhe obala (obondeni) la wonke umuntu azokwazi ukuyibona khona. Noma ngabe umqhubi indawo yeWebhu (website) okanye I- app, kubalulekile bakhombise ukuthi banayo ilayisensi egunyazayo (the licensing authority)

**P** **INGABE UKUGEMBULA KU-INTHANETHI KUSEMTHETHWENI?**

**K** Ukugembula ku-inthanethi (casino-style) akuvumelekile eNingizimu Afrika. Ukugembula ku-inthanethi obhuku (bookmakers) abaneLayisensi la eNingizimu Afrika (ngibala imicimbi yemidlalo Kanye nomjaho wamahhashi).

**P** **KUNENDAWO YE-INTHANETHI EDUZE KWALAPHO ENGIHLALA KHONA NOMA LA ENGITHENGA KHONA. NGIYAZI UKUTHI NGINGANGENA NGAPHAKATHI NGIGEMBULE. INGABE KUSEMTHETHWENI?**

**K** Izindawo zama inthanethi ezivumela ukugembula ngendlela yokusebenzisa amakhompuyutha azikho emthethweni. Akukho emthethweni ukuthi umuntu osebenzela isikhungo esinjalo, futhi akukho emthethweni ukuthi abashicileli bagembule lapho. I NGB isebenza nezinhlaka zokugcinwa komthetho ukuhlonza lezi zikhungo ezingekho emthethweni, I- SAPS yenza ukuhlasela kulabo abenza lesisenzo esingavumelekile kanti futhi ungaboshwa futhi ubekwe icala ngesikhathi sokugasela okunjalo.

**P** **IMIPHAKATHI INGASEBENZISANA KANJANI NE-NGB UKUZE YENZE UMSEBENZI WAYO?**

**K** Abantu abakhetha ukugembula, kumele bagembule ngokusemthethweni futhi ngokuziphendulela. Umphakathi mele usebenzisane ne-NGB ukumisa ukugembula okungekho emthethweni, bika ukugembula okungekho emthethweni ngqo ku-NGB, okanye ku Provincial Licensing Authority (PLA) lapho usola khona izindawo zokugembula ezingekho emthethweni noma imishini.

**P** **ABANTU BASE NINGIZIMU AFRIKA BANGAGEMBULA PHESHEYA KWEZILWANDLE?**

**K** Abantu base Ningizimu Afrika abakwazi ukugembula ngenkathi bengengaphakathi kweriphabhuliki (Republic) nezinkampani zamazwe ngamazwe ezingenawo amalayisensi eNingizimu Afrika.

**P** **IYINI IMPHUMELA YOKULUTHWA UKUGEMBULA?**

**K** Izinselelo ezihlobene nemali, izinkinga phakathi kwabantu, ukuhluleka ukubala/ukugcina isikhathi, ukufihla mayelana nemisebenzi thizeni kanye/noma ukukhwabanisa nokusongela

**P** **WENZANI UMA UQAPHELA UKUTHI WENA NOMA OTHILE OMKHATHALELAYO UNOMLUTHA WOKUGEMBULA?**

**K** Umuntu onenkinga yokugembula angafaka isicelo sokuzikhipha. Sondela kwi-NGB noma nanoma iyiphi i-PLA ukuze lowo muntu abalwe ohlwini lwabangabandakanyi ukuyogembula. Ukuze uthole ukwelulekwa nokwelashwa kwamahhala, ungashayela inombolo yamahhala 0800 006 008, thumela i-SMS ku 076 575 0710 noma thumela i-imeyili (email) **counsellor@responsiblegambling.co.za**

**P** **NGIKHISHWA KANJANI EKUGEMBULENI?**

**K** Umuntu noma ilunga lakhe lomndeni kumele baye kwa-NGB noma nanoma iyiphi i-PLA ukuze besizakale ekuzisuseni noma ukusa loyo othandiweyo wabo ngokusuka othandweni lakhe ukuthi asuswe ezweni lapho izimpawu zokugembula zibonakala. Uma usukhishiwe, abanikazi basala naloyo muntu okhishiwe ukuze ahlale kude nezindawo zokugembula. I-NGB, PLA's nabaqhubi banikezwe amandla okuphoqelela ukungafakwa kwakho

**P** **NGINGAFAKA KANJANI ISICELO SELAYISENSI YOKUGEMBULA?**

**K** Isicelo selayisensi yokugembula ungasifaka kwabakwa Provincial Licensing Authority (PLA)

**P** **YIMUPHI UMEHLUKO PHAKATHI KWE NGB NE-PLA**

**K** Iziphathimandla Zokunikeza Amalayisense Zezifundazwe ziyindawo yokuxhumana yalabo abafisa ukufaka isicelo selayisensi, njengoba bekhipha amalayisensi okugembula. I-NGB inomthwalo wemfanelo wokwengamela ukulawulwa kokugembula embonini yokugembula ezweni.

**P** **YINI UMEHLUKO PHAKATHI KWE-NGB NEKHOMISHINI YELOTHO KAZWELONKE?**

**K** I-NGB ilawula ukugembula ngezindlela ezine ezingokomthetho. IKhomishana Kazwelonke Yelotho ilawula Ilotho Kazwelonke, kanye namanye amalotho ahlanganisa amalotho omphakathi, imiqhudelwano yokukhangisa kanye namachibi ezemidlalo.

**P** **I-NGB INGAWUSIZA KANJANI UMPHAKATHI?**

**K** I-NGB ingasiza umphakathi ngokufundisa nokuqwashisa, ngokuhlinzeka ngolwazi nocwaningo.

# NGINGASIFAKA KANJANI ISIKHAWULO?

I- National Gambling Board inenombolo yocingo ezinikele lapho izikhawulo ezingafakwa khona. Kungenjalo izikhawulo zingafakwa kwisiphathimandlasamalayisensi sesifundazwe emahhovisi.

Bika i-internet café engena-layisensi kanye/noma omunye umsebenzi ongekho emthethweni ku:

**info@ngb.org.za | fraudalert@ngb.org.za**



# SISHAYELA KU

National Gambling Board
1085 Francis Baard Str (Formerly Schoeman Str)
Hatfield
Pretoria
0028
Direct Switchboard: 0867 227 713 or 0100 033 475

Email Address
**info@nbg.org.za**

Website
**www.nbg.org.za**

## IZIPHATHIMANDLA ZAMALAYISENSE ZESIFUNDAZWE (PLA) IMININININGWANE YOKUXHUMANA

| | | |
|---|---|---|
| GAUTENG GAMBLING BOARD<br>011 581 4800 | LIMPOPO GAMBLING BOARD<br>015 230 2300 | NORTHERN CAPE GAMBLING BOARD<br>053 831 1483/<br>053 244 0890 |
| KWA-ZULUNATAL GAMING & BETTING BOARD<br>031 583 1800 | FREE STATE GAMBLING LIQUOR & TOURISM AUTHORITY<br>051 404 0300 | WESTERN CAPE GAMBLING & RACING BOARD<br>021 480 7400 |
| NORTH WEST GAMBLING BOARD<br>018 384 3215 | MPUMALANGA ECONOMIC REGULATOR<br>013 750 8000 | EASTERN CAPE GAMBLING BOARD<br>043 702 8300 |

WINNERS KNOW WHEN TO STOP

NGB

National Gambling Boad
*South Africa*

a member of **the dtic** group



# IMVELAPHI/INGEMUVA

I-National Gambling Board (NGB) isungulwa ngokwemibandela ye National Gambling Act (NGA) 2004 (Act 7 of 2004). Ibuye ibhaliswe njengohlelo oluhleliwe lwaba inhlangano yomphakathi ngokomthetho wokuphathwa kwezimali zomphakathi (I-PFMA) 1999 (Act 1 of 1999), kanye nesikhungo somnyango wezohwebo, izimboni nokuncintisana.

Igunya le-NGB ukukhuthaza imisebenzi yokugembula endaweni esemthethweni, ephephile nengenabo ubugebengu kanye nokuvikela ozakwethu ekuvuselelweni ngokweqile kwesidingo esicashile sokugembula.

# UMBONO WE-NGB

Ukubeka iNingizimu Afrika njengendawo ehamba phambili yokuphatha enemboni yokugembula eyisibonelo nelawulwa ngempumelelo.

# UMSEBENZI/INHLOSO

Ukuhola ukulawulwa kwemboni yezokugembula ekugcwalisekeni koMthetho Wezokugembula kazwelonke, wango-2004 (umthetho wesi-7 wango-2004), ngokusebenizsa imboni yokugembula elawulwa ngokuyikho negadwayo egcina izindinganiso zokuthobela zasekhaya, zezwe kazi kanye nezihlonishwa umhlaba wonke

# INGUNYA LOMTHETHO

Igunya elisemthethweni le-NGB lithathwe kuMthetho kazwelonke wokugembula, wango – 2004 (umthetho wesi 7 wango 2004)

# INDIMA YE-NGB

Izinsizakalo kanye nemikhiqizo yo-NGB ichazwe kumthetho wokugembula kazwelonke kanje:
Ukwenganyelwa kokugembula eRiphabhuliki yase Ningizimu Afrika ngo:

- Ukuhlola ukukhishwa kwamalayisensi kazwelonke yiziphathimandla ezikhipha amalayisensi zesiFundazwe (ama-PLA);
- Ukuhlola ukulandelwa kwemithetho yama-PLAs kwabanelayisensi;
- Ukwengamela ukuhlolwa kokusebenzisa kwama-PLA ukuze kuqinisekiswe ukuthi imikhuba namazinga kazwelonke asungulwe umthetho wokugembula kazwelonke asetshenziswa ngokufanayo nangokungaguquguquki kuyo yonke iRiphabhuliki; futhi
- I-NGB kufanele isungule futhi igcine irejista kazwelonke yabantu abashiywe ngaphandle, uhlelo lukazwelonke lokuqapha ngogesi, irejista kazwelonke yemishini yokugembula kanye nemishini, irejista emaphakathi yolwazi kanye nerejista kazwelonke yokuphenya.
- Ucwaningo nokuqapha ukuziphatha kanye nesabelo semakethe.
- Siza ama-PLA ukuze aqinisekise ukuthi imisebenzi yokugembula enganyaziwe iyatholakala.

# IYINI ILAYISENSI YOKUGEMBULA?

Ilayisensi yokugembula idokhumenti ekhishelwa umuntu yiSIgungu seziphathimandla selayisensi yesifundazwe, esimnika ilungelo elingomthetho lokuqhuba izindlela ezisemthethweni zokugembula ezakhiweni ezinelayisensi



# IZINHLOBO ZEZINDLELA EZISEMTHETHWENI ZOKUGEMBULA

- Ekulawulweni kwemboni yezokugembula, kunezinhlobo ezine kuphela zokugembula ezisemthethweni eNingizimu Afrika, inqobo nje uma amalayisensi etholwe kwabaPhathimandla Bezifundazwe Zokugembula (amabhodi okugembula
- Lezi zindlela ezisemthethweni ama-Casino, I-Bingo, imishini ekhokha okulinganiselwe (ama-LPM) nokubheja/ukubheja emjahweni yamahhashi nokubheja kwezemidlalo ngabaqhubi (njengababhuku namathotho) abanelayisensi eNingizimu Afrika.

# UYAZAZI IZINDLELA ZOKUGEMBULA EZINGEKHO EMTHETHWENI?

- Noma yiluphi uhlobo lokugembula kwezingane (izingane ezingaphansi kweminyaka engu 18 azivunyelwe ukugembula);
- Amakhasino angenayo ilayisensi noma izikhunga ze-bingo kanye nemidlalo yamakhadi/amadayisi endaweni yangasese noma endoweni yokuhlala ;
- Ukugembula ku-inthanethi kwazo zonke izinhlobo zamali (imidlalo yokugembula eyenzeka esibukweni) kunoma yiluphi uhlobo lwensiza kagesi kuhlanganise nomakhalekhukhwini;
- Imidlalo yokugembula kuwelohusayithi ukuze uthole imali noma imidlalo yokugambula eku-inthanethi enikwezwa endaweni yeWebhu ;
- Noma yikuphi ukugembula/ukudlala okwenzeka emgwaqeni noma epaki ngemali (uFafee/umShayina noma okufanayo); futhi
- Noma yimuphi umsebenzi wokubheja ohilela izilwane isb-umjaho wezinja, ukulwa kwezinja noma amaqhude kanye nomjaho wamahhashi angekho emthethweni.

# ABANQOBI BAYAZI UKUTHI KUMELWE NINI

**Uma ucabanga ukuthi wena noma othile omaziyo angase abe nenkinga yokugembula, shayela ulayini wokwelulekwa wamahhala kwisikhungo sikazwelonke esinesibopho sokugembula ku-0800 006 008 (itholakala 24/7); noma i-sms 076 675 0710 noma i-email counsellor@responsiblegambling.co.za**

# INDLELA YOKUGEMBULA NGOKUZIBOPHEZELA

## YENZA LOKHU

- Setha isabelomali/umkhawulo wokugembula
- Beka umkhawulo wesikhathi sokugembula
- Yeka ngaphambi kokuba ukugembula kube yinkinga
- Thola usizo uma ukugembula kukwenza ucindezeleke, noma ukhathazeke kakhulu

## UNGAKWENZI LOKHU

- Ukugembula ngenhloso yokuthuthukisa iholo lakho.
- Ukujaha ukulahlekelwa kwakho kokugembula noma uqambe amanga mayelana nokulahlekelwa kwakho.
- Ukuthatha imali emalini oyibekile ukuze ugembule
- Ukugembula ngaphambi kokuba ukhokhe izindleko zakho zenyanga
- Ukunganaki umndeni wakho, abangani, noma umsebenzi ngenxa yokugembula.
- Ukuthengisa izinto zakho ukuze uthole imali yokugembula.

## IZIMPAWU ZOKUGEMBULA NGOKWEQILE

- Ngiyagembula ukuze ngikhulise imali engenayo.
- Ngichitha isikhathi esiningi nemali ekugembuleni.
- Ngikuthola kunzima ukuyeka ukugembula.
- Ngiyazifihla ngokuziphatha kwami kokugembula.
- Ngikuthola kunzima ukulawula imikhuba yami yokugembula.
- Ngixabana nomndeni noma abangani ngemali nokugembula.
- Ngiqamba amanga ngemikhuba yami yokugembula.
- Ngiboleka imali, ngidayisa izinto enginazo, angizikhokhi izikweletu, ngiyantshontsha noma ngenza ukukhwabanisa ukuze ngixhase umkhuba wami wokugembula.
- Ngidinga ukugembula ngemali eshisiwe iskhathi eside ukuze ngiqinisekise umuzwa afanayo wenjabulo.
- Ngizizwa ngicindezelekile, ngikhathazekile, nginecala, ngicasuka, ngizihoxa emphakathini futhi ngikhuthola kunzima nokulala.
- Angiwunaki umsebenzi, isikole, umndeni, izidingo zomuntu siqu kanye/noma izibopho zasekhaya.
- Umndeni nabangani bakhathazekile ngami ukuthi ngiyagembula.

**ZIBHALE WENA NOMA UMNDENI WAKHO KUREJISTA YOKUZIKHETHELA YE-NGB LAPHO UKUGEMBULA KUBA YINKINGA. THINTANA NE-NGB KU-0100 033 475 NOMA ISIGUNGU SAKHO SELAYISENSI SESIFUNDAZWE ESILANDELAYO.**

**UMA UBANJWA UGEMBULA NGOKUNGEKHO EMTHETHWENI NOMA UQHUBA ISIKHUNGO ESINGEKHO EMTHETHWENI UZOBHEKANA NAMACALA OBUGEBENGU FUTHI OKUWINILE KOKUGEMBULA KWAKHO.**

**GEMBULA NGOKUSEMTHETHWENI FUTHI NGOKUZIBOPHEZELA**